Isifundo 7

**May 6–12*

Ubuholi Bobunceku

ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:

1 Pet. 5:1–10, Zenzo 6:1–6, Jer. 10:21, Mat. 20:24–28, iZaga. 3:34, Samb. 12:7–9.

Indimana Yekhanda:

“Niphonse zonke izinkathazo zenu phezu Kwakhe, ngokuba uyanikhathalela” (1 Petro 5:7, NKJV).

Izifundo ngamabandla akhulayo zonke zicishe zigqamise ukubaluleka kobuholi obusebenzayo. Lobubuholi buthatha umbono wabo kuNkulunkulu kanye neZwi Lakhe elinikeza ithuba kuwo onke amalungu ebandla ukuba asebenzise izipho zawo zikamoya ekugcwaliseni ukuthunywa ngokwevangeli. Ukuhola ibandla kunezinselele ezinkulu. Abazinikele, abavame ukunikela ngesikhathi sabo nakuba bexakekile, yibona abasebenzayo ebandleni. Amalungu “angavota ngezinyawo zawo” ngokuyeka ukubakhona uma kwenzeka into angaziphasi. Ngaphezu kwalokho, umholi womKristu osebenzayo kumele abe ngowezikamoya kakhulu. Akumele sikhohlwe ukuthi uPetro ubhalela amabandla abhekene nokushushiswa. Umholi webandla usengozini kakhulu ngalezizikhathi. Ngubani-ke, ohlomiselwe lomsebenzi na?

Ku-1 Petro 5:1-10, uPetro ukhuluma ngodaba lobuholi bobuKristu ebandleni lasendaweni. Kulezizindimana, ubhala ngezimpawu ezibucayi ezidingekayo hhayi kuphela kubaholi, kepha nakumalungu, ngokufanayo. Amazwi akhe afanelekile namuhla njengalokhu ayefanelekile ngalesosikhathi.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-May 13.*

Abadala Ebandleni Lokuqala

Bheka izindimana ezilandelayo: Zenzo 6:1–6, 14:23, 15:6, 1 Tim. 5:17, 1 Pet. 5:2.

Yimiphi imiqondo esiyinikezwa yilezizindimana mayelana nezinselele ibandla lokuqala elalibhekene nazo kanye nendima yabaholi balo na?

Iqembu elikhulu labantu abaphenduka amakholwa futhi babeyingxenye yebandla yisibusiso esikhulu esivela kuNkulunkulu. Kepha, ngokwamava ebandla lokuqala, ukukhula ngesivinini kungeza nezinkinga. Ngokwesibonelo, iZenzo 1-5 ziveza ukuhola kukaMoya oNgcwele ekuguqukeni kwabaningi kubuKristu. IZenzo 6:1-6 zibonisa umphumela: iqembu laba likhulu kunobuholi balo, futhi kwadingeka ukuba kube nezinhlelo zokubhekana nemisebenzi yansuku zonke yebandla. Udaba olwaletha ubuthakathaka ohlelweni kwaba ngukukhononda ngobandlululo. Abakhuluma isiGriki bakhononda ngokuthi abafelokazi babo babenganakwa uma kwabelwana ngokudla. Ukuphendula lokhu, iqoqo labantu, abadikoni, bakhethelwa ukuba basizane nabapostoli abangu-12 ekuphatheni izinto zebandla.

Kuyiqiniso ukuthi ibandla lokuqala laliholwa nguMoya oNgcwele ngendlela ekhethekileyo. Kepha nalapho kwakunesidingo sokuseka izinhlelo zebandla. Elinye iqembu elisemqoka labaholi bebandla elalidingeka kwasekuqaleni kwkungabadala, ababebekwa ebandleni nagalinye. Empeleni, ukubekwa kwabadala ukuba bahole lamaqoqo amaKristu asanda kwakheka kwakuyinto Upawule no-Barnabas abayenza lapho behamba izindawo ngezindawo bezivangela ngoJesu. Abadala babenikezwe izindima eziningana ekuqaleni kobuKristu. Njengabaholi emiphakathini yabo, babevama ukuba ngabafundisi abafundisa abasanda kuguquka. Babeshumayela, futhi baqinisekise ukuthi izinto ezidingekayo zazenzelwa ukuthuthukisa umphakathi. (Acts 15:6, 1 Tim. 5:17, 1 Pet. 5:2).

Yiziphi izindlela ongafunda ngazo ukusebenzisana kangcono nabaholi ebandleni okulo, nakuba ungavumelani ngaso sonke isikhathi nabo na?

Abadala

Funda u-1 Petro 5:1-4. Yimuphi umoya okumele abadala beze nawo kwindima yabo ebandleni na? Lezizimiso zingasebenza kanjani kunoma ngubani kithi, nakuba indima yakhe ithini na?

UPetro uqala izeluleko zakhe kubadala ngokuveza ukuthi naye uqobo ungumdala kanye nabo. Ube esephawula izinto ezimbili ngaye: ungufakazi wokuhlupheka kukaKristu, futhi ulindele ukuba nesabelo kwinkazimulo ezokwembulwa. Ngokusho lokhu, uPetro ugqamisa uphawu lokuqala okumele lube kumdala: umdala kumele aqonde ukubaluleka kokuhlupheka kukaKristu esikhundleni sethu kanye nethemba elikhulu Yena [uJesu] asinikeza lona. uPetro ufanisa indima yomdala neyomelusi oqaphe umhlambi kaNkulunkulu. Lokhu kuqhathanisa kwakhe ibandla kanye nezimvu kuncoma ukuthi, njengezimvu, amalungu angabuye azenzele ukuthanda kwawo. Ngalokho, ayamdinga umalusi ukuba awabuyisele ebandleni awasize ukuba asebenzisane ngokuzwana. Umdala kumele asebenze njengesibonelo sokuzithoba komKristu.

Sithola siphi isixwayiso ngakulabo abangabelusi na? Jer. 10:21, Ezek. 34:8–10, Zech. 11:17.

Indima esemqoka yobuholi bobuKistu ngeyokusebenza nabantu ebandleni ngokubekezela njengoba abelusi kumele basebenze nezimvu zabo. Ngobumnene abadala kumele babahlanganisele ukukhonza kanye nokwabelana ngombiko kaJesu nalabo abadinga ukumazi Yena kanye nosindiso olutholakala Kuye.

Uphinde futhi uPetro aphawule ukuthi abadala kumele bengamele ngokuvuma hhayi ngengcindezi. Akulula ukuthola abantu abazimisele ukuthatha inselele yokuhola ebandleni. Lokhu kubonakala kakhulu kwikomidi lokhetho. Ukuze ibandla lisebenze kahle, kunezindima ezibalulekile okumele zigcwaliswe. Kunezizathu ezenza abantu abaningi banqikaze ekuthatheni ubuholi. Ezinye zabo zidinga isikhathi esiningi, futhi abantu abafanelekile ukuba bathathe lezizindima batholakale nexakeke kakhulu. Abanye bangaba nomuzwa wokungakulungeli ngokwanele ukuthatha umsebenzi. Kodwa izwi likaPetro lithi uma ucelwa, kumele sivume ukuthatha ubuholi uma sinako.

Ubuholi Bobunceku

Funda u-1 Petro 5:3 kanye noMathewu 20:24-28. Yiziphi izimiso ezibucayi zobuholi bobuKrsitu ezitholakala lapha na?

EsiGrikini, igama elisemqoka ku-1 Petro 5:3 ngu-katakurieuontes. Lelogama litholakala kuMathewu 20:25 futhi lichaza "ukuphatha" noma "ukwengamela" phezu kothile. Ngalokho-ke, umyalezo kubadala onikezwa ku-1 Petro 5:3 ungahumushwa ngokuthi "Ningengameli phezu kwalabo eniphathiswe bona" (NRSV), futhi liveza amazwi kaJesu kuMathewu 20:20-25. UMathewu 20:20-23 usinikeza ingqikithi yezinkulumo zikaJesu kuMathewu 20:24-28. Umama kaJakobe noJohane wayekade eye kuJesu nesicelo sokuthi, uma uJesu ebeka umbuso Wakhe, enye indodana ihlale kwesokudla Sakhe enye kwesokunxele Sakhe.

"UJesu ubaphatha ngesinkeke, akabathethisi ngobugovu babo bokuzifunela okungcono kunabanye. Ufunda izinhliziyo zabo, uyakwazi ukujula kokuxhumana kwabo Naye. Uthando lwabo akulona nje olwabantu; noma lungcoliswe ngukuba semgudwini wasemhlabeni, lungukuphuphuma komthombo wothando Lwakhe oluhlengayo. Akezukuthetha kepha uzodephisa futhi ahlanze."—Ellen G. White, *The Desire of Ages,* p. 548. UJesu uchaza ukuthi lesisikhundla esiphakeme sinikezwa nguYise, hhayi nguYena. Kepha abe eseqhubeka nokuchaza ukuthi umahluko omkhulu phakathi kombuso Wakhe kanye naleyo yabeZizwe wuhlobo lomholi ozoqhamuka koWakhe umbuso. Labo abafisa ukuhola embusweni la uJesu eyiNkosi kuwo kumele babe yizinceku ngoba abaholi embusweni kaJesu bazofana noJesu. " 'INdodana yoMuntu ayizelanga ukuzokhonzwa kepha ukukhonza, kanye nokunikela ukuphila kwayo, kube yisihlengo sabaningi' " (Mat. 20:28, NRSV). Ngalokho, uPetro ubizela abaholi bebandla kumgomo ofanayo: ukunikela umina kanye nokuzidela okubonakala kuJesu kumele kwembuleke kubo.

Funda abaseFiliphi 2:4-8. Lokhu okushiwo nguPawule lapha kuhambisana kanjani nalokho okwabhalwa nguPetro na? Okubaluleke kakhulu, singazenza kanjani izinto esibizelwe kuzo kulezizindimana na?

Ukwembatha Ukuzithoba

Umphakathi wawunezigaba eziningi ngesikhathi sokuphila kukaPetro. Ababebusa babenalokhu namuhla okungabizwa "ngesithunzi." Babezungezwe ngabafokazana, futhi ababephansi kunabo bonke kwakuyizigqila. Ukuzithoba ngakulabo abaphakeme kwakuyinto yalabo abaphansi ngokwenzinga. Igama lesiGriki lokuzithoba liqukethe incazelo yokuba "phansi," "into engabalulekile," "ukuba buthakathaka," nokuba "mpofu." Ezweni okungelona lobuJuda nobuKristu, igama elithi ukuthobeka lalihambisana nokuba sezingeni eliphansi lempilo, futhi ukuzithoba kwakungeyona into elindelekile kubantu abakhululekileyo.

Funda U-1 Petro 5:5-7. Ngokunikezwa ingqikithi kanye nesikhathi ababephila kuso, yini emangalisayo ngalokho okubhalwe nguPetro lapha na?

_____

_____

_____

EBhayibhelini, ukuthobeka kubonakala ngenye indlela kunalokho okwakuyiko ngesikhathi nangokwezenhlalo uPetro ayephila kuso. UPetro ucaphuna Izaga 3:34 kwiTestamente Elidala lesiGriki, indimana ecashunwe futhi kuJakobe 4:6. KwiTestamente Elidala, ingxenye yomsebenzi kaNkulunkulu emlandweni ngeyokwehlisa abaphakeme nabanamandla (Isa. 13:11, 23:9, Jobe 40:11). Indlela efanele yokuza kuNkulunkulu ngeyokuzithoba. "Ngalokho zithobeni phansi kwesandla sikaNkulunkulu esinamandla, ukuze aniphakamise ngesikhathi esifaneleyo" (1 Pet. 5:6, NKJV). Ukuzithoba, kunokuzigqaja, kumele kube wuphawu lobudlelwane bobuKristu, hhayi kuphela noNkulunkulu kepha nakomunye nomunye (1 Pet. 5:5). AmaKristu, nabaholi bamaKristu, bayazi ukuthi bayizoni ezisindiswe ngomusa kaNkulunkulu. Kulomqondo obaluleke kunayo yonke, sonke siyalingana, futhi phambi kweSiphambano kumele sonke sizithobe. Futhi lokhu kuthobeka kumele kubonakale kubudlelwane bethu nabanye, ikakhulu labo esiphathiswe bona. Nembala, noma ngubani angathobeka phambi kukaNkulunkulu, uMdali wezulu nomhlaba. Futhi, kulula ukuthobeka phambi kwalabo abangaphezulu kwethu, abanamandla phezu kwethu, futhi "abaphakeme" ngokwezinga kunathi. Isivivinyo sangempela siza lapho sembula ukuzithoba kulaba "abangaphansi" kwethu, abangenamandla phezu wethu. Yiloluhlobo lukuzithoba uPetro akhuluma ngalo lapha.

Yini mayelana neSiphambano kanye nalokho esikumele okumele kusigcine njalo sithobekile na?

_____

Njengebhubesi Elibhongayo

Njengoba sesibonile, uPetro wayebhala esimweni sokushushiswa. Indikimba yempikiswano enkulu kwakungeyona imfundiso engabonakali kubafundi bakhe; babenamava ayo ngendlela iningi lethu, okwamanje, elingenawo.

Funda u-1 Petro 5:8-10 neSambulo 12:7-9. Lezizindimana zisifundisani ngomsuka wobubi kanye nomsebenzi kaSathane emhlabeni wethu na?

_____

_____

Incwadi yeSambulo iveza ukuthi amaKristu athatha iqhaza empini ephakathi kwamandla okulunga kanye namandla obubi. KuSambulo, amandla okulunga aholwa nguJesu, oYizwi likaNkulunkulu, iNkosi yamakhosi kanye noMbusi wababusi.(Samb. 19:13, 16). Amandla obubi aholwa nguSathane ofaniswa njengodrago (Samb.12:7-9; 20:7, 8). Nakuba iningi kanye namanye amaKristu liphika ubukhona bukaSathane, iqiniso uyisidalwa esinamandla esinezinhloso ezimbi ngathi. Kepha, izindaba ezinhle ngezokuthi ekugcineni uSathane uzobhujiswa (Samb. 20:9, 10). UPetro akayinciphisi ingozi uSathane ayiyona. Ufana nebhubhesi elobhongayo elifuna lowo elingamqhoboza (1 Pet. 5:8). UPetro uphinde aveze ukuthi abafundi bakhe bayawabona amandla omubi ekuhluphekeni kwabo kwamanje. Kepha, lokhu kuhlupheka kuzogcina ngenkazimulo yaphakade (1 Pet.5:10).

Funda u-1 Petro 5:10 futhi. Uthini uPetro kithina lapho na?

_____

_____

Nakuba singazazi ngokuphelele izinhlupheko zabo, esikubonayo yithemba uPetro alivezayo. Yebo, omubi ukhona ngempela. Impi ngeyangempela, futhi nokuhlupheka kwethu ngokwangempela. Kepha “uNkulunkulu womusa wonke” umehlulile omubi. Ngalokho noma yini esihluphayo, uma sithembeka—kuze kube sekufeni (buka amaHeb. 11:13–16)—ukunqoba kuqinisekile, masibonge uJesu.

Singafunda kanjani ukubambelela ngokholo, sibekezele kuze kube sekugcineni, nakuba sihlangabezana nani na?

_____

_____

Cabanga Kabanzi:

Isibonelo esikhulu sobuholi bobunceku bukaJesu sisithola ekuziphatheni Kwakhe ngeSidlo sokugcina. Ngalesosikhathi, uJesu wayekwazi kahle ukuthi ungubani (iNdodana kaNkulunkulu) futhi nokuthi wayesezobuyela kuYise (Johane 13:1). Ngemuva kwesidlo wageza izinyawo zabafundi. Wayesethi, "Uma-ke Mina, iNkosi noMfundisi wenu, ngigeze izinyawo zenu; nani-ke nimelwe ukuba nigezane izinyawo. Ngokuba nginikeze isibonelo, ukuba nenze njengoba ngenzile kini" (Johane 13:14, 156). Njalo uma abalandeli bakaJesu begezana izinyawo, abalingisi nje okwenzeka; bakhumbuza ngokuthi ukuba ngumholi embusweni kajesu kumele babe yizinceku. Ngokungangabazi, empilweni yabo yonke, ikakhulu ngemuva kokuqonda kahle ukuthi uJesu wayengubani, abafundi bakhumbula lesisenzo sokuzithoba kweNkosi yabo. Futhi, akungabazeki ukuthi, kwakusemqondweni kaPetro lapho ethi abadala bebandla bangengameli abanye kepha "bembathe ukuzithoba." "ekuvumeni ukuba ngumuntu, uKristu wabonakalisa ukuzithoba okumangalisa izidalwa zezulu. Isenzo sokuba ngumuntu sasingeke sathunaza ukuba kwakungekona ayeyiko uKristu ngaphambili. Kumele sivule ukuqonda kwethu ukubona ukuthi uKristu wabeka phansi ingubo Yakhe yobukhosi, nomqhele, nokubusa Kwakhe, futhi wembathisa ubunkulunkulu Bakhe ngobuntu, ukuze ahlangabezane nomuntu lapho ekhona, nokulethela isintu amandla okuba ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. "Ubumnene kanye nokuzithoba okuluphawu lwempilo kaKristu buyobonakala empilweni kanye nasesimilweni salabo "abahamba njengaye.'"—Ellen G. White, *Sons and Daughters of God,* p. 81.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. UJesu waqala umsebenzi Wakhe ngokunqwamana nomubi. Ebuthakathaka ngemuva kokuzila izinsuku ezingu-40, wakwazi ukumelana nezilingo zomubi ngokucaphuna Izibhalo (Mat. 4:1–11; Marko 1:12, 13; Luka 4:1–13). Lokhu kusitshelani ngendlela nathi esingamelana ngayo nomubi ezimpilweni zethu na?

2. Yiziphi izibonelo ozibonile zalokho okubonakala kungukuzithoba kweqiniso kwabanye na? Yini ongayifunda kulezizibonelo na?

3. Eklasini, phendulani lombuzo: Ngaphandle kwalokho uPetro akufudisa ezindimaneni zaleliviki, yiziphi izimpawu zomholi womKristu olungileyo na? Lezizimpawu zingahlangana kanjani nalezi ezinhle zabaholi bezwe na? Zingehluka kanjani na?

4. Ungawuphendula kanjani umbango wokuthi uSathane akayona into ekhona kodwa uwuphawu nje lobubi obusesimeni somuntu na?

Notes